Isifundo 3

**Masingana 13-19*

UNkulunkulu noma uMamona?

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Ihubo 33:6-9; Math. 19:16-22; 1 Pet. 1:18; Heb. 2:14, 15; Eks. 9:14; Ihubo 50:10.

Indimana Yekhanda:
"Ngalokho-ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, mamnika igama eliphezu kwamagama onke, ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awabasezulwini, nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba, nezilimi zonke zivume ngokuthi UJesu Kristu uyiNkosi, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise" (KwabaseFilipi 2:9-11).

UNkulunkulu akalandi kakhulu echaza lapho emi khona maqondana nokusanganiswa yimali nezinto zasezweni. Amazwi kaKrestu endodeni ecebile nehahayo okwathi noma ibusisiwe uNkulunkulu, yaqongelela yanqwabela lokho eyayinakho, afanele ukufaka uvalo kithina sonke: " 'Wena siwula, ngalobu busuku umphefumulo wakho uzakubizwa kuwe, pho-ke, izinto ozilungisileyo ziyakuba ngezikabani na?' Kunjalo kozibekelela ingcebo enganothile kuNkulunkulu" Luka 12:20, 21). Ukukhonza uNkulunkulu nokukhonza imali yizenzo eziqhelelene. Kungaba yilesi noma lesiya, uNkulunkulu noma uMamona. Yiphupho ukucabanga ukuthi singakwenza kokubili ngoba ukuphila impilo embaxambili kuzosikhalisa kungekudala. Singabakhohlisa abanye, mhlawumbe sizikhohlise nathi, kodwa hhayi uNkulunkulu okunguYena esiyophendula kuYe ngelinye ilanga. Kufuneka sikhethe, kanti uma silokhu singabaza, senza izaba, noma sikuhlehlisa, kulalpho imali nokuthanda imali kuzocindezela kakhulu imiphefumulo yethu. Ukukholwa kudinga isinqumo. Okungenza isinqumo sethu sibe lula, ukubhekisa amehlo ethu ekuthini ungubani uNkulunkulu, lokho asenzela khona, nokuthi lithini icala lethu kuYe.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Masingana 20.*

UKrestu, uMdali

Funda kuGenesise 1:1; iHubo 33:6-9; Isaya 45:11, 12; Jeremiya 51:15; noJohane 1:3. Lezindimana zisitshelani ngobuhle balomhlaba na?

_____

_____

"UKrestu oweneka amazulu, wabeka isisekelo somhlaba. Kwakuyisandla saKhe esaphanyeka imihlaba emkhathini, sadala izimbali zasendle. 'Umisa izintaba ngamandla aKhe.' 'Ulwandle ngolwaKhe, walwenza.' IHubo 65:6; 95:5. UYena owagcwalisa umhlaba ngobuhle, nomoya ngomculo. Naphezu kwezinto zonke emhlabeni, nasemoyeni, nesibhakabhaka, wabhala umyalezo wothando lukaYise."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* ikhasi 20.

Izinto zasemhlabeni ngokwazo, azilona icala. Ngokuphikisana nezinye izinkolo ezifundisa ukuthi izinto zomhlaba ngokwazo zimbi noma ziyisono, nokuthi ezasemphefumulweni kuphela ezilungile, iBhayibheli liya libeka inani elikhulu emhlabeni. Vele nje, uJesu uqobo owawudala. Pho, kungenzeka kanjani ube yisono na? Ngeshwa, kungenzeka usetshenziselwe ububi njengazo zonke izipho zikaNkulunkulu, kodwa lokho akwenzi leso sipho sokuqala sibe yisono. IBhayibheli lixwayisa ngokusebenzisa budedengu nangendlela ehlanakelezekile izinto ezidalwe uNkulunkulu kulomhlaba, kodwa asixwayiswa ngezinto uqobo lwazo. Ngokuphikisanayo, uNkulunkulu wadala umhlaba, futhi wayefuna abantu baKhe bathokoze ngezithelo nokuhle kwalomhlaba: " Uyakuthokoza ngakho konke okuhle uJehova uNkulunkulu wakho akunike khona, nasendlini yakho, wena, nomLevi , kanye nesihambi esiphakathi kwakho" (Duter. 26:11; bheka no Duter. 14:26).

UJesu unguMdali (Johane 1:1-3),kanti umhlaba yisibonelo nje salokho akwenzile. Amandla aKhe okudala amnika ithuba elikhethekile lokubuka impilo nalabo abaphila kuwo. Uyalazi igugu lezinto zasemhlabeni, futhi uyazi ukuthi wazinika thina ukuze zibe lusizo kithi futhi sithokoze ngazo. Futhi uyazi ukuthi kwenzekani uma abantu bezisebenzisa ngendlela engalungile lezo zipho, noma sebezithatha ngokuthi iyona-nto yokuphilelwa, kanti njengezinye izinto, kwakuhloswe ngazo ukunika uNkulunkulu udumo.

Ake ubukabuke ubuhle obumangalisayo bendalo. Nangemuva kokonakaliswa yisono, sisabubona ubuhle bendalo ezindaweni eziningi. Ubuhle bendalo busitshelani ngobuhle boMdali?

_____

_____

INdodana kaNkulunkulu/INdodana yoMuntu

NjengamaKrestu, sikholwa ukuthi uJesu wayenguNkulunkulu ngokuphelele, futhi engumuntu ngokuphelele. Lokhu kuhlangana kobuNkulunkulu nobuntu kwenza ukubuka kwaKhe izinto ezibalulekile zasemhlabeni nezaphakade, kungafani nokwethu. Ukuthi asiqondi ukuthi kanjani enemvelo kaNkulunkulu neyomuntu, akulinciphisi lelo qiniso, njengoba ukungaqondi kwakho indlela ibhanoyi elindiza ngayo kungeke kulivimbe ukuthi lindize.

"Nazi izimfihlo ezimbili ngentengo yeyodwa—ubuningi babantu ekubumbaneni kukaNkulunkulu, nobunye bobuNkulunkulu nobuntu esiqwini sikaJesu.... Ezinganekwaneni ayikho into emangalisa njengaleli qiniso lokuzalwa kukaJesu njengomuntu."—J.I. Packer, *Knowing God* (Downers Grove, Illinois: InterVarsity Press, 1973), ikhasi 53. Esinye isizathu sokuza kukaJesu kulomhlaba kwaku ukutshengisa thina ukuthi uNkulunkulu usithanda, esinaka kangakanani thina ngabanye. Ngokuphikisana nomqondo wabanye wokuthi unguNkulunkulu obandayo nokude, uJesu wabonakalisa isimilo sangempela sikaBaba wethu wasezulwini. USathane nokho uzamile ukwehlukanisa abantu kuNkulunkulu. Uzamile ukumenza njengoqhelile kithi, embeka isithombe salowo ongenandaba nathi. Wenza konke angakwenza, nangaziphi izindlela ukusigcina singazi futhi singazizweli ubuqiniso bokulunga kukaNkulunkulu nomusa waKhe. Ukuthanda izinto zezwe ngokweqile kumsebenzela kahle uSathane ukufeza lenjongo yakhe.

Funda kuMathewu 19:16-22. Lendaba isitshelani ngendlela uSathane angasebenzisa ngayo ukuthanda kwethu izinto zasezweni ukusigcina sikude noNkulunkulu na?

Cabanga ngoJesu uqobo, uNkulunkulu eyinyama, ekhuluma nalensizwa okusobala ukuthi yayimazi uJesu ukuthi ungumuntu okhethekile. Kodwa kwenzekani? Yavumela ingcebo yayo eningi, uthando lwayo lwezinto zasezweni, ukuyehlukanisa noNkulunkulu uqobo. Uthando lwezwe nezinto zezwe lwayiphuphuthekisa kangangoba nakuba yadabuka, lokho kudabuka kwakungenele ukuyiguqula yenze okufanelekile. Yayingadabukile ngoba izolahlekelwa impahla yayo, cha. Yayidabuke ngoba yayilahlekelwa umphefumulo wayo ngenxa yalezo zinto.

Noma sicebile noma simpofu, singaqiniseka kanjani ngokuthi sibe nobudlelwane obufanelekile nezinto zakulomhlaba na?

UKrestu, uMhlengi

Isikweleti akusiwo umthetho wasezulwini. Kodwa uAdamu noEva bawa, kanti umthetho owephuliwe usho ukufa. Kanjalo, abantu baba nesikweleti sobulungiswa bezulu. Ngokwasemphefumulweni, sasishonile, singenalutho ngenxa yesikweleti ebesingeke sikwazi ukusikhokha. Uthando lukaNkulunkulu ngathi lwaqala icebo losindiso. UJesu waba yisibambiso sethu (Heberu 7:22). Yigama likaKrestu onguMhlengi elembula okuyikona kushintshisana okubaluleke kunakho konke okwake kwenziwa. Umhlatshelo wokuphila kwaKhe kuphela owawungakhokha inhlawulo efunekayo yobulungiswa bezulu. UJesu wakhokha isikweleti sethu sesono ngokuthi kwangane ubulungiswa nomusa esiphambanweni. Indalo yayingakaze ibone ingcebo elingana naleyo eyasetshenziswa mhla kwakukhokhelwa ukuhlengwa kwabantu (Efesu 5:2). "Ngokuthululela wonke umcebo wezulu kulomhlaba, ngokusinika lonke izulu ngalesipho esinguKrestu, uNkulunkulu wathenga intando, uthando, ingqondo, umphefumulo, womuntu wonke."—Elleng G. White, *Christ's Object Lessons*, ikhasi 326.

Funda indimana ngayinye, ubhale izinto uKrestu asisindise kuzo: Kol. 1:13; 1 Thes. 1:10; 1 Petru 1:18; Heb. 2:14, 15; Gal. 3:13; Isamb. 1:5.

Igama lesiGriki elithi tetelestai kuJohane 19:30 lithathwa njengokuyilona gama elibaluleke kunawo wonke awake akhulunywa. Lisho ukuthi "Kufeziwe," futhi yizwi lokugcina uJesu alikhuluma esiphambanweni. Isimemezelo saKhe sokugcina sasisho ukuthi umsebenzi waKhe wawusewuqediwe, nesikweleti sethu "sakhokhwa ngokugcwele." Akalikhulumanga leligama njengomuntu ongenathemba, kodwa njengalowo owayephumelele ukuhlenga umhlaba odukile. Ukubuka isiphambano sosindiso kuveza isigameko esenzeka endulo, kodwa esinomphumela wamanje, nethemba ngekusasa. UJesu wanikela ngempilo yaKhe ukubhubhisa isono, ukufa, kanye nemisebenzi kaSathane unomphelo. Lokhu kusho ukuthi nakuba singafanelekile, sihlengiwe (Efesu 1:7). Ukulunguza ezimangalisweni zosindiso, ukunyathela emhlabeni ongcwele. UKrestu njengoMhlengi, unguwona mfanekiso ophakeme kaNkulunkulu. Okuyiyona njongo enkulu yaKhe ukusihlenga. Lokho kuveza indlela abuka ngayo abantu, kakhulukazi indlela ubudlelwane baKhe nathi obuyigugu ngayo. Ngokwaneliseka kwezimfuno zomthetho, uKrestu usephendukela endleleni esisabela ngayo ekuzinikeleni kwaKhe.

Ake ucabange: uKrestu wakhokha isikweleti, ngokugcwele nokuphelele, ngenxa yabo bonke ububi owake wabenza. Kufanele impendulo yakho ithini? (Bheka uJobe 42:5, 6).

UNkulunkulu Onesikhwele

Ekunqwamaneni kwakhe noFaro, uNkulunkulu wathi: “Ngokuba kulesi sikhathi ngizakuthuma zonke izinhlupho zami enhliziyweni yakho, nasezincekweni zakho, nakubantu bakho, ukuze wazi ukuthi akakho onjengami emhlabeni wonke” (Eks. 9:14).

Wayesho ukuthini uNkulunkulu uma ethi “akekho onjengami emhlabeni wonke?”

“Akunakwenzeka ukuthi izingqondo ezinomkhawulo zabantu ziqonde ngokuphelele isimo noma imisebenzi yaLowo ongenamikhawulo. Nakumuntu ohlakaniphe ngaphezu kwabanye, kumuntu onamandla ukwedlula abanye, nalowo ofunde ngaphezu kwabanye, Lowo ongcwele uyohlala njalo embeswe yimfihlakalo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 5, amakhasi 698, 699. UNkulunkulu akanaye olingana naYe (1 Amakhosi 8:60). Ucabanga, akhumbule, enze ngezindlela esingaziqondi. Noma singazama kangakanani ukumenza ngokomfanekiso wethu, uNkulunkulu uhlale enguNkulunkulu. UYena owenza lonke ikhekheba leqhwa, ubuchopho, ubuso, nezimpawu zabantu zingafani, “futhi akekho omunye” (1 Amakhosi 8:60). Vele phela unguMdali, kanti-ke njengoMdali, wehlukile endalweni yaKhe.

Lezindimana zisitshelani ngokwehluka kukaNkulunkulu endalweni yaKhe na? 1 Sam. 2:2; iHubo 86:8; Isaya 55:8, 9; Jer. 10:10; Thithu 1:2.

Uma sibuka konke lokho uNkulunkulu ayikho, konke anakho, nakho konke akwenzayo, kuyamangaza ukuthi angase abe nezimbangi. Kodwa unazo ngoba kudingeka “ancintisane” ukuthola uthando lwabantu. Mhlawumbe kungakho nje ethi unguNkulunkulu “onomhawu” (Eks. 34:14). UNkulunkulu wadala abantu ukuba bakhululeke, okusho ukuthi singazikhethela ukukhonza Yena noma ukukhonza enye into. Ngezindlela eziningi, bekuyileyo-ke inkinga yabantu; ukukhetha ukukhonza abanye onkulunkulu, kungakhathalekile ukuthi beza ngasiphi isimo, kunokukhonza okunguYena kuphela uNkulunkulu ofanele ukukhonzwa, Lowo owadala amazulu futhi onguMnikazi wawo. Kungakhoke nje enguNkulunkulu onesikhwele.

Yini, uma ikhona, encintisana noNkulunkulu empilweni yakho?

Ubunikazi Bangempela

SingabakaNkulunkulu, ngokudalwa nangokuhlengwa. Futhi akukhona-nje ukuthi singabakaNkulunkulu, kodwa konke esinakho nakho okwaKhe. Thina ngokwethu, asinalutho ngaphandle kwelungelo lokuzikhethela. Ngokuphikisayo, umgomo ophambili wobuzwe umqondo wokuthi singabanikazi bezinto esinazo. Kepha yinkohliso leyo. Ukuthi amaKrestu acabange ukuthi angabanikazi bezinto, kuwumcabango ophikisana nalokho okufundiswa yiZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu, hhayi thina, onguMnikazi wezinto zonke (Jobe 38:4-11). Thina singabafokazi nezihambi nje (Levi. 25:13), njengo Israyeli wayenjalo ezweni lesithembiso. Sethembele kuNKulunkulu nangokuphefumula kwethu (Izenzo 17:25). Lokho esicabanga ukuthi okwethu, okwaKhe. Siyizinceku zaKhe, ngakhoke simelwe ukuphatha kahle izinto eziphathekayo nezingaphathekiyo, senzele udumo lukaNkulunkulu.

Bala izinto zikaNkulunkulu ezikulezindimana : Duter. 10:14; iHubo 50:10; 104:16; Heze: 18:4; Hag. 2:8; 1 Kor. 6:19, 20. Zisitshelani lezindimana ngendlela esifanele ukubuka ngayo izinto zasemhlabeni esiphathiswe zona na?

”Zonke izinto ezikaNkulunkulu. Abantu bangakushaya indiva lokho. Ngesikhathi ethululela phezu kwabo izibusiso zaKhe, bangasebenzisa izipho zaKhe ukwanelisa ubugovu babo; kodwa bayophendula ngobunceku babo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 9, ikhasi 246.

Ubunikazi bukaNkulunkulu nobunceku bethu kwakha ubudlelwane angasisebenzisa ngabo ngezindlela zokusilungiselela izulu nokuba lusizo nesibusiso kwabanye abantu. Kodwa izinceku ezingathembekile zingavimbela uMnikazi angakwazi ukufinyelela kokwaKhe. Njengoba sibonile izolo, uNkulunkulu akaphoqi intando yaKhe phezu kwethu. Wasidala, wasinika impahla kulomhlaba ukuze simphathele yona aze abuye. Ukuthi senzani ngayo, kutshengisa uhlobo lobudlelwane esinabo naYe.

Cabanga ukuthi kusho ukuthini empeleni ukuthi awunalutho kulezinto oziphethe, kodwa ezikaNkulunkulu. Kumelwe kukutsheleni lokho mayelana nobudlelwane ofanele ukuba nabo nalokho okuphathisiwe na?

Ukujula Nomcabango: Ubunceku, ngendlela esibuqonda ngayo, baqala ngokuthi uNkulunkulu abeke uAdamu noEva ekhaya elihle lasensimini, ababefanele balinakekele (Gen. 2:15). Phansi kwalesimo esihle ngokuphelele babefanele benze insimo kuhlaleke kuyo, okwakuwumsebenzi ongelukhuni. UNkulunkulu wabanika umsebenzi wabo omusha, wabafundisa nokuwenza. Ukunakekela iEdeni kwakuzokwenza ukuphila kwabo kube nenjongo kanye nenjabulo. Igama lesiHeberu elisho "ukubusa" phezu kokuthile, kube ngaphansi kwamandla akho (Gen. 1:26, 28). Uma sibuka isimo esasikhona, lokho kwakungekona ukubusa ngendlovuyangena, kodwa ukubusa okuhle kokunakekela indalo kaNkulunkulu. Lomsebenzi awukakhawuki. Kuleso simo, uAdamu noEva babezofunda ukuthi uNkulunkulu ungumnikazi, bona bayizinceku noma abaphathi. Zisuka phansinje, kwakuyinhloso kaNkulunkulu ukuthi uAdamu noEva babe nezikhundla zokuphatha nokwethenjwa, kodwa hhayi ukuba abanikazi. Babemelwe ukutshengisa kuNkulunkulu ukuthi bathembekile emisebenzini yabo." UAdamu noEva banikwa insimu yase Edeni ukuba bayinakekele. Babezoyilima, bayigcine. Babethokoza ngomsebenzi wabo. Ingqondo, inhliziyo kanye nentando, kwasebenzisana ngokuzwana okuphelele. Ekusebenzeni kwabo babengakhathali, bengakhandleki. Amahora abo ayegcwaliswe umsebenzi olusizo, nokuxhumana phakathi kwabo bobabili. Wawumnandi umsebenzi wabo. UNkulunkulu noKrestu babebavakashela ukuzoxoxa nabo. Babenenkululeko ephelele….UNkulunkulu wayenguMnikazi wekhaya labo lase Edeni. Babembhekele lona."—Ellen G. White, *Manuscript Releases*, vol. 10, ikhasi 327.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Leliqiniso lokuthi uNkulunkulu unguMnikazi womhlaba lisifundisani ngomsebenzi wethu wokuqala mayelana nendawo esizungezile na? Ake siyeke umsindo wezombusazwe owenziwa amanye amashoshozela ngezendalo okufana nokuthi akhonza indalo uqobo; kufanele uthini umqondo wethu thina maKrestu, ngokuqondene nokunakekela indawo esikuyo na?

2. Ake ugxile kulomqondo wokuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu onesikhwele noma isihawu. Akulula ukukuqonda lokhu, kakhulukazi ngenxa yokuthi ngokwenkulumo yethu sibuka isihawu njengento embi okufanele siyigweme. Kodwa singawuzwa kanjani lomqondo ngendlela obhekiswe ngayo kuNkulunkulu, ngaphandle kokufaka imixhantela emibi ehambisana naleligama?

3. Singafunda kanjani ukwehlukanisa phakathi kokusetshenziswa ngendlela nokuzithokozisa ngezinto uNkulunkulu azidalile, kanye nokuziphatha budedengu lezo zinto na? Kubaluleke ngani ukwehlukanisa phakathi kwalokhu kokubili na?